

UMYALEZO KAMPHATHISWA WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL, UMNU. MXOLISI KAUNDA, ENKONZWENI INTSHUKUMO, NGOMGQIBELO, 15 OCTOBER 2016, WASBANK, ESIFUNDENI SASO-THUKELA.

- Mphathi wohlelo;
- Mengameli weNtshukumo, Apostle, uMama, uDokotela uNyandeni;
- USihlalo weNtshukumo, uMfundisi uMbuli;
- Ubuholi bonke besigungu esiphethe iNtshukumo;
- AbaBhishobhi;
- Abefundisi;
- Izinceku zonke ezikhona kule nkomfa yeminyaka yonke;
- Abasebenzi bakaHulumeni engihamba nabo lapha;
- Abazalwane bonke abasuka ezindaweni ezahlukene kwaZulu-Natal nase South Africa yonke.

Nginyanibingelela egameni leNkosi yethu uJesu Kristu.

Mphathi wohlelo angibonge ukuthi ngithole leli thuba ngithi kuyintokozo ukuba ingxenye yokuhambela le nkonzongamemi likaHulumeni, ikakhulukazi uMnyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal.

Ngijabula kakhulu ukuthi nakuba ngiqala mina ukuba lapha njengoMphathiswa, kodwa vele uMhlonishwa, uNdunankulu uMacingwane, ubeba yingxenye yale nkonzongamemi ngenkathi esaphethe kulo Mnyango.

Ukuhlanganyela nebandla likaKristu njengoHulumeni oholwa ngu-African National Congress (uKhongolose) sikuthatha njengento emqoka esifanele ukuba siyibonge kakhulu.

Yingakho uthola ukuthi ngaphandle kwale nkonzongamemi yeNtshukumo, njengoMnyango vele kade saqala siluqhuba lolu hlelo lokuhambela amabandla ehlukenesifundazweni sakithi KwaZulu-Natal.

Ngaphambi kokuba ngibe nguMphathiswa bengike ngicelwe nguMacingwane ukuba ngiyokhuluma egameni lakhe kweminye imicimbi yalolu hlobo njengoba bengisebenza njengoSihlalo weKomiti lezokuThutha esiShayamthetho.

Ngenxa yaleso sipiliyoni nami namhlanje ngifisa ukusho-ke ukuthi ihlale isifudumeza futhi isikhuthaza indlela esamukeleka ngayo zonke izindawo esifika kuzona njengoba sibona kwenzeka okufanayo nalapha.

Sifisa ukubongela abagqugquzeli balo mhlango weNtshukumo owenziwa minyaka yonke ukuthi usalokhu udlondlobala njengoba usuqede iminyaka eyishumi nanye, okusho ukuthi usungene kwi-second decade.

Kuyaye kusinike ithemba-ke thina ukubona imihlangano enjengalona ikhula ngesivini nangesasasa. Kuqina ithemba kuthina ngoba sikholelwa ekutheni phela emasontweni vele inhloso yakhona ngukuvuselela onembeza kubantu ukuze bangaphambani nemigomo kaNkulunkulu.

Lokhu kusho ukuthi singalisebenzisa lelo thuba nasekuvuseleleni onembeza ukuba abantu bangaphuli imithetho yomgwaqo, bangazibandakanyi nobugebengu nokusetshenziswa kwezidakamizwa.

Leli yithuba lokuba sikugcizelele ukuthi izinselelo ezibhekene naleli zwe lakithi ngeke sizingobe sisodwa njengoHulumeni, kodwa kumele sibambisane nabazalwane ukuze sithole izixazululo.

Ukulwa nobugebengu

Bazalwane, inselelo enkulu esibhekene nayo ngeyokwanda kobugebengu kanye nokuxhaphaka kwezidakamizwa ikakhulukazi kubantu abasha.

Kumqoka ukuthi zonke izinhlelo esizenzayo zokulwa nobugebengu kanye nokusetshenziswa kwezidakamizwa, ukuze ziphumelele, kumele ukuthi sibambisane nani njengamabandla. Akumele nihlale nisonge izandla izigebengu zidlwengula ogoto, futhi akumele sibukele kudlwengulwa izingane ezincane.

Kodwa futhi okunye okuxakayo yilokhu okuvame ukuphuma emaphephandabeni, ikakhulukazi awesiZulu lapho kubhalwa ngabefundisi abasolwa ngezinto ezingamanyala. Kokunye kuba yibona abagila abesifazane, kokunye kube yibona abagilwa ngabesifazane.

Uma silapha njengoHulumeni siyafisa ukuxwayisa abaphathi beZwi ukuthi ake bahambe phambili ekukhuthazeni ukwakhiwa nokuhlalisana kahle kwemindeni, kube nokwethembana kwabashadile.

Angiyiphathi-ke eyokuthinteka kwabholi bebandla ezigamekweni zokuhlukunyezwa nokubulawa kwabantu abanebala elimhlophe ngoba kunenkolelo yokuthi umuntu angazakhela udumo nomcebo ngezicubu zomunye umuntu.

Lena yinto okumele sibone izinkundla ezinjengeNtshukumo ziyigxeka kakhulu futhi zibe yingxenye yokuxwayisa imiphakathi ngalesi simo.

Ngaphezu kwalokhu esengikubalile, ziningi bazalwane ezinye izinselelo esibhekene nazo okubalwa ukwentuleka kwamathuba emisebenzi, ububha, ukukhulelwa kwezingane ezikoleni nokunye okuningi okumele amakholwa abambe iqhaza ekuqhamukeni nezixazululo.

Ezokuphepha emgwaqeni

Uma ngithinta indaba yezingozi zomgwaqo, ngifisa ukusho ukuthi abantu bakithi bafunda amaphephandaba, belalele imisakazo, babuke omabonakude (television) noma bahambe emgwaqeni lapho behlale bethola ukukhunjuzwa ukuthi kumele baziphathe kanjani uma besebenzisa umgwaqo.

Lokhu kusuke kuyindlela yokubalekelela ukuthi bangalenzi iphutha elizogcina ngokuthi bakhubazeke, bafe noma babulale abanye emgwaqeni.

Ngisebenzisa igama lephutha ngoba sekwavunyelwana yonke indawo ngisho abacwaningi bayasho ukuthi izingozi zomgwaqo ezibalelwa kumaphesenti afinyelela ngaphezulu kuka-80 zidalwa yiphutha lomuntu, ikakhulukazi umshayeli.

Kusho ukuthi kusuke kukhona umshayeli noma ohamba ngezinyawo ophule umthetho othile womgwaqo – owenze okungafanele noma wangakwenza okufanele.

Ngeshwa-ke nami nje abantu baKwaZulu-Natal bangemukela ngazo izingozi kulesi khundla njengoba ngathi ngifika ngoJune kwadingeka ngiyongcwaba abantu abayisikhombisa eJozini, lapho kwashona abantu abayisikhombisa kushayisana i-bakkie ne-truck eMkhuze.

Ngemuva kwalokho kwaba yiseHarding ogwini oluseningizimu naseHighflats eXobho. EHarding kwashona abantu abangu-11 bebandla i-Twelfth Apostolic Church, bebuya enkonzweni behamba nge-bakkie. Kanjalo nase Highflats kwashona abantu ababehamba nge-bakkie eyashayisana nemoto ethwala izidumbu (i hearse) abayisikhombisa. Ngibala nje lezo zindawo kodwa zikhona nezinye izingozi ezenzekayo esifundazweni sonke, ikakhulukazi ngezimpelasonto.

Ngesonto eledlule uNgqongqoshe wezokuThutha kuzwelonke umama uDipuo Peters uveze ukuthi ezweni lonke eminyakeni emihlanu edlule izwe belilahlekelwa ngabantu abangu-14 000 ezingozini zomgwaqo ngonyaka. Kodwa ngonyaka odlule isibalo bese sehle safinyelela ku-13 000, okusho ukuthi sehle ngenkulungwane eyodwa eminyakeni emihlanu. Isibalo esincane kakhulu lesi. Sihlasimulisa umzimba. Siyakhathaza kakhulu. Lapha bazalwane sikhuluma ngokufa kwabantu...oMama, oBaba, oBhuti, oSisi, kanye nezingane. Sikhuluma ngokuvalwa kwemizi ngezinye izingozi.

Ngakho-ke okumqoka wukuthi njengoba silapha sikwazi nokwakha amanxusa phakathi kwenu. Lawa amanxusa okuphepha, nabantu abazophuma bashumayeke ivangeli lokuphepha emgwaqeni.

Yingakho umkhankaso wethu manje sithi kumele ugxile kakhulu nasemakhaya kanye nasemindenini ukuthi uma nje nihamba ngemoto niwumndeni nibheke ukuthi kungakanani ukuqikelela nokuqinisekisa ezokuphepha.

Sithi uma sikhuluma ngokuthi ukuphepha emgwaqeni kungumsebenzi wawo wonke umuntu (Road safety is our collective responsibility) – ngabe nina qhaza lini umndeni nomndeni ongalibamba.

Lokhu ngikugcizelela ngoba noma zingafundisa izikole zokushayela, kodwa imfundo yangempela wonke umuntu uyithola ekhaya. Ngakho ke sithi ake iqale ekhaya indaba yokuphepha manje – nithi nihleli nje ekhaya kenikhuzane nodwa uma kukhona njalo othola amathikithi.

Ngiyazi ukuthi noma singamakholwa lapha bakhona abaphuzayo emindenini yethu. Ngakho-ke ake sikhuzane uma kukhona ofika njalo edakiwe ekhaya kodwa ebe ehamba ngemoto.

Lezi ngezinye zezinto okumele siziqinise uma sibheka iqhaza lomndeni nomndeni ekutheni sigcine sikwazile ukuqeda izingozi zomgwaqo.

Sithi njengoHulumeni kumele siqinisekise ukuthi ukwephula imithetho yomgwaqo akubi yinto nje ethathwa kancane. Angeke sivumele ukwepulwa komthetho kuqhubeke nokuthatha izimpilo zabantu bese kubuye kulimaze umnotho wethu ngale ndlela okwenzeka ngayo.

Kuthiwa manje izingozi zomgwaqo zidla izwe lethu imali engaphezulu kuka-R340 billion ngonyaka, okuyimali engabe yenza umsebenzi omkhulu ukushintsha izimpilo zabantu zibe ngcono. Imali le engabe itshalwa kwinqalasisinda, kwakheke amathuba omsebenzi, kufundiswe ulusha, kwakhiwe izikole, imitholampilo, izibhedlela, imigwaqo, izindlu nokunye.

Njengoba ngiyibeka kanje le ndaba yezingozi zomgwaqo ngiyafisa ukuthi njengoba sihlalane lapha kesibheke ukuthi yiliphi iqhaza nani njengamabandla esingalibamba ukulwa nesihlava sokufa kwabantu emgwaqeni.

Mphathi wohlelo, masikuveze futhi ukuthi ngempela nathi ekuphatheni kwethu umsebenzi wesizwe – uma ningekho nina ngeke sakuthola ukuholwa nangokukamoya.

Ngakho-ke siyayidinga imikhuleko yenu ukuze ekuholeni kwethu sibe nobuhlakani obufanele ukusiza isizwe sikaNkulunkulu. Ngeke thina njengabaholi bezombusazwe sikwazi ukuletha ukuthula okuphelele uma ningekho nina bazalwane enizokhuleka futhi ningapheli mandla.

Ngaphambi kokuba ngiphethe manginxuse futhi ukuba emikhulekweni yenu ingasali indaba yokucela imvula kuSomandla. Isomiso esisalokhu sibhekene naso ikakhulukazi kulezi zindawo ezingenhla kulesi fundazwe sidinga ukungenelela koPhezulu manje bazalwane. Imvula esiyicelayo yileyo ezoletsa impilo hhayi izikhukhula eziletha umonakalo.

NoHulumeni uyazenza izinhlelo zokugwema umonakalo wesomiso kodwa kuyasho ukuthi lesi yisimo semvelo esingekho sikwazi ukusilawula ngempela. Njengoba siphuma okwethweni loHulumeni basekhaya nje, abantu bakithi sebebheke ukulethwa kwezidingo okuhlanganisa namanzi ahlanzekile.

Ngakho-ke sicela nokubambisana nemiphakathi emikhankasweni yokongiwa kwalawo manzi amancane asenokutholakala.

Masigcine ngokulinxusa-ke ibandla ukuba lihambe phambili nalo ekwakheni izinhlaka ezizolekelela ikakhulukazi intsha okuyiyona ebonakala ingene shi emikhubeni ephambene noBuntu, esithi ama-social ills ebesikhuluma ngawo ekuqaleni.

Sihlale sisho ukuthi uma ungumholi webandla kumele ngesinye isikhathi uzibuze ukuthi yini wena oyenzayo ukusiza izingane zabazalwane bakho eseziphenduke imidlwembe?

Konke-ke lokhu esikubekayo sihlose ngakho ukuba siqinise ubambiswano phakathi kukaHulumeni kanye nazo zonke izinhlaka zemiphakathi kuhlanganisa nani njengamakhohla.

Sifisa ukuninxusa njengamakhohla ukuba niqhubeke nokweseka izinhlelo zikaHulumeni zokuqinisekisa ukuthi sakha umphakathi onakekelayo, sakhe imindeni eqinile nephokophele phambili nempilo.

Nginifisela inkonzo emnandi evuselelwe ngomoya oyingcwele. Noma senibuyela emakhaya niphophe.

Ngiyabonga.